Incwadi Yokwelusa ngoKhetho lukaZwelonke noLwesiFundazwe Ngo-2019

31 October 2018

1 KuThimothewu 2:1-4

"Ngakho-ke kuqala kukho konke ngiyala ukuba ukunxusa, nokukhuleka, nokucela, nokubonga kwenzelwe abantu bonke, 2. amakhosi nabo bonke abakhulu, ukuze sihlale kahle nangokuthula, ngokumesaba uNkulunkulu nangesizotha esipheleleyo. 3. Lokhu kuhle, kuyabongeka emehlweni kaNkulunkulu uMsindisi wethu, 4. othanda ukuba abantu bonke bafinyelele ekulazini iqiniso".

Ukubingelela nesiNgeniso: IsiGungu sabaHoli bamaBandla aKwaZulu-Natal (KZNCLG) kanye nombuthano wonkana wamaBandla kaKristu nezinhlangano ezisebenza ngokubambisana, sibingelela wonke amalungu amaBandla kanye nabantu bonkana abakhele isiFundazwe saKwaZulu-Natal (KZN). Sinilobela leNcwadi Yokwelusa ukuze silungiselele ukhetho oluzayo lukazwelonke nolwezifundazwe eNingizimu Afrika, ikakhulukazi lapha esiFundazweni sethu sase-KZN. Sikwenza lokhu ngenxa yokukuqonda ukuthi ukuba yisakhamuzi esihle kumbandakanya ukuba leso naleso sakhamuzi sibambe iqhaza okhethweni, okuthi kusimo esinjengesethu lapha eNingizimu Afrika, esiqhutshwa ngenkambiso elawulwa ngumthethosisekelo. Lokhu sikwenza ngenxa yalezizimo ezilandelayo:

Isimo esibhekene naso: Uma singakusonga ngezwi elilodwa lokho esibhekene nakho singathi isimo esikuso sekuyileso esilawulwa "yindluzula". Sikhathazeke kakhulu ngenxa yokudlondlobala kokubulalana okubukeka kunomthelela wezizathu zezombusazwe ikakhulukazi, lapha eKZN; isiFundazwe esisithandazelayo sikanye nezwe lonke laseNingizimu Afrika, ukuba amazinga obugebengu anciphe noma aphele nya. Nakuba kunjalo, siyabona ukuthi baningi abantu abanentando enhle abazimisele ukuba izwe lakithi lithathe igxathu eliya phambili esimweni esinokuthula nenhlalakahle. Ngakho-ke, sinxusa ukuba yilowo nalowo kini azimisele ukwenza into eyodwa enhle, okungukusukuma phansi niyovotela abantu abanentando enhle ngesikhathi sokhetho.

Akungabikho ukuDembesela ukuVota: Ukudembesela ukuvota kungumuzwa wokuba umuntu athi akunamsebenzi walutho ukuvota. Siyakuqonda ukuthi zikhona nokho izimo okuphethwe ngazo izwe lakithi esezenza abantu baphelelwe ngumdlandla. Noma kunjalo, thina zakhamizi sinamandla okuba ngevoti lethu siguqule izimo ezinganambithekiyo zokubuswa kwezwe. Ngakho-ke; Sebenzisa iVoti lakho. Ungadembeseli!

UkuVuna: UkuVuna yigama elisetshenziswa yiKhomishane eziMeleyo YoKhetho (IEC) ukuqhuba umkhankaso wokuqoqa amakheli aqondileyo abo bonke abantu asebeselungelweni lokuvota. Ngakho-ke, nawe siyakunxusa ukuba usukume phansi uyobhalisela ukuvota kusenesikhathi noma ngabe uhlala ezindaweni zasemakhaya ezikude nezizinda ezithuthukileyo zaseNingizimu Afrika.

Indluzula Ngesikhathi soKhetho: Ngenxa yokuqonda ukuthi njalo nxashane siyovota sekuvame umkhuba omubi wokubulawa kwabantu, kungalokho-ke sinxusa ukuba thina sonke njengomphakathi, ikakhulukazi, amaqembu ezombusazwe, ukuba azibophezele ukulawula nokukhuza amalungu awo, nokuba nathi sifunde ukuzibamba ukuze singalawulwa yimizwa

yentukuthelo; - kepha sikhombise ukuvuthwa nokwephusa kwemiqondo ukuze sikwazi ukwamukela lokho okungahambisani nathi nokwehlukahlukana kwethu ngemibono.

Ukulamula nokuXazululwa KokuNgqubuzana: Thina siyisiGungu sabaHoli BamaBandla (CLG) kanye nezinhlangano zamaBandla ezisebenzela ukuchumisa ubunye nokubambisana, sizimisele ukusiza ngokulamula nokuxazulula izinkinga ezingadalwa ukungaboni ngasolinye kanye nokungqubuzana uma simenywa yinoma ngubani onesidingo salokhu.

Inhlabamkhosi YoMkhuleko: Sinxusa bonke abantu base-KZN ukuba bakuthandazele ukuba kuhlonishwe ukusebenza koMthethosisekelo Wezwe kanye nomthetho. Khulekelani ukuthula nenhlalakahle. Khulekelani ukuphepha nokuvikeleka kwazo zonke izakhamizi. Khulekelani ukhetho olukhululekileyo noluqhutshwa ngendlela eyemukelekayo. Bese-ke nimbonga uNkulunkulu ophendula imikhuleko yethu.

Isiphetho: NgaleNcwadi Yokwelusa sikhuthaza zonke izakhamizi esezifinyelele ebangeni naselungelweni lokuvota ukuba zibhalisele ukuvota ukuze zikwazi ukubamba iqhaza okhethweni lwango-2019. Ningakuvumeli ukudembesela. Khulekelani ubulungiswa kanye nokuthula!

Izinombolo Zokuxhumana Ezingaba Lusizo

1. Diakonia Council of Churches: 031- 310 3500| Ms. Nomabelu Mvambo-Dandala the.director@diakonia.org.za
2. Midlands Christian Council (MCC): 071 697 8209| Rev Simphiwe Mankqokontsi|simphiwemankqokontsi@gmail.com
3. KwaZulu Regional Christian Council (KRCC): 082 672 4035|+27(35) 474 105. Mr. Mxolisi Nyuswa:nyuswa@krcc.org.za
4. Southern KwaZulu-Natal Christian Council (SKZNCC): 078 624 5897|Rev Milton Cele: skzncc@gmail.com
5. Thukela-Amajuba-Mzinyathi Christian Council (TAMCC): 078 429 0774|Rev Sonto Thusi: sonto6150@gmail.com
6. Premier's Hotline: 0800 596 596
7. Presidential Hotline: 17737
8. SAPS: 08600 10111
9. Provincial Commissioners Office: (031) 325 4825

CLG Secretariat: KwaZulu-Natal Christian Council (KZNCC): 50 Langalibalele Street, Pietermaritzburg, 3201|033-345 4819; Fax No. 033-394 9965| info@kzncc.org.za

Ngemininingwane ethe xhaxhe: Rev Siyabulela Gidi: 072 97777 07|sgidi@kzncc.org.za

IKHISHWE NGEGUNYA LIKA:

Signed at: …….. on this: …….2018

1. KwaZulu Natal Church Leaders Group - Chairperson:

Signature: …….

2. KwaZulu Natal Church Leaders Group - Deputy Chairperson: (KZNCLG)

Signature: ……..